

*Uyidlala kanjani indima yakho ekusekeleni
iMfundu Yomphakathi Eyikhwalithi*

UMHLANDLELA WEZINHLAKA ZE-QLTC

Ukwenza i-QLTC ibe yimpumelelo



ensuring quality learning and teaching for all

IsiZulu



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

OKUQUKETHWE

1.	IseNdalo Esivela kuNgqongqoshe Wezemfundo Eyisisekelo.....	3
2	UMyalezo Ovela Ekomidini Eliphethe Le-QLTC Kuzwelonke.....	5
3	IMithetho Yemfundo Eyikhwalithi.....	6
4	IziFungo Zabo Bonke Abadlali Iqhaza Kwezemfundo.....	6
5	UMkhankaso Wokufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi.....	9
	(i) Kungani Sifanele Sesebenzisane?	
	(ii) INtshisekelo ye-QLTC.....	9
	(iii) Inhosombono ye-QLTC.....	9
	(iv) Imigomo Eyisisekelo ye-QLTC.....	10
	(iv) IziNhoso Ezibalulekile Ze-QLTC	
	(v) AmaGugu e-QLTC.....	10
	(vi) IziNto Ezinika Ulwazi Izinhoso Zamasu kanye Nohlelo Lokwenza Lwe-QLTC.....	11
	(vii) ISu Lokuqalisa Okwethulwayo Okubalulekile.....	12
	(viii) IziNkomba Zamasu OkukalwaKwempumelelo Yezinhlelo.....	13
6	Zifezwa Kanjani Izinhoso Zethu:UkuSungulwa Kwezinhlaka.....	14
	(i) Ukwakheka Kwe-QLTC	15
	(ii) IziNdima Nemisebenzi Yezinhlaka Ze-QLTC:.....	16
	• IKomidi Likazwelonke Eliphethe Le-QLTC.....	16
	• IQmbu Likazwelonke Elihlelayo LE-QLTC.....	16
	• AMakomidi Ezifundazwe Aphethe E-QLTC.....	17
	• AMakomidi Esigodi Eforamu Ye-QLTC /kanye Namakodi Esekheti.....	18
	• AMakomidi Esikole e-SGB e-QLTC.....	19
7	Zifezwa Kanjani Izinhoso Zethu: Ukuqonda Izinto Okungeke Kwaxoxiswana Ngazo.....	20
8	Zifezwa Kanjani Izinhoso Zethu: Ukuqapha Nokubika Kuwo Wonke Amazinga Ezinhlaka ze-QLTC.....	24
	(i) UkuQapha Nokubika Kwe-QLTC Ekudlulisweni Ekudlisweni Kwemiphumela Yonyaka Yokuhlolwa Kukazwelonke Kanye Nemiphimela Ye-NSC.....	26
	(ii) UKuQapha Nokubika Ngokulungela Kwesikole.....	27
	• EziNgeni Lesifundazwe.....	27
	• EziNgeni Lesigodi.....	28
	• Ezingeni Lesikole.....	29
	(iii) IKomidi Lesikole Le-SGB Le-QLTC Lingaqapha futhi Libike Kanjani Ngezinselelo?.....	32
	(iv) IziNdela Zokubika.....	34
9	Zifezwa Kanjani Izinhoso Zethu:Ukwazisa Nokugqugquzelu Umphakathi.....	36
	(i) UkuGqugquzelu Emazingeni Kazwelonke Nawezifundazwe	37
	(ii) IziBonelo zezindlela iForamu Yesigodi noma yeSekhethi Engagqugquzelu ngazo Umphakathi.....	39
	(iii) IziBonelo Zezindlela IKomidi Lesikole Le-SGB le-QLTC Elingagqugquzelu ngazo Anazali Nomphakathi Ukuba Basekele Ukufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi40	
	(iv) Yini Engeziwa Abazali Ukuphumelelisa ukufunda Okuyikhwalithi?.....	42
	(v) IsiKole Singawusekela Kanjani Umphakathi?.....	42
	(vi) Singabandakanya Kanjani Abazali Emfundweni Yezingane Zabo.....	43
10	Zifezwa Kanjani Izinhoso Zethu: Amaphamfulethi Abazali.....	44
	• UkuQonda Uhlelo Lwezfundo.....	45
	• UkuHlolwa Konyka Kukazwelonke.....	47
	• Bhalisa Ingane Yakho Uyibhalisele iBanga R.....	49
	• Uma Ingane Yakho ikuBanga 4-6.....	51
	• Uma Ingane Yakho ikuBanga R-3.....	53
	• IziNcwadi Zokusebenzela.....	55
11	IsiXhumelo A.....	57
	• IsiBonelo Se-ajenda.....	58
	• IsiBonelo Sethemupuleti Yokubika.....	59
12	IMininingwane Yokuxhumana	

ISENDLALO ESIVELA KUNGQONGQOSHE WEZEMFUNDU EYISISEKELO

Enkulumeni Yesizwe eyethulwa ePhalamende eKapa mhla zi-3 Juni 2009, uMongameli waseNingizimu Afrika, uMnu. JG Zuma, wathi, ‘Ezemfundu zizogcinwa ziinhlosongqangi eminyakeni emihlanu ezayo . Sifuna othisha bethu, abafundi nabazali bethu ukuba basebenze ngokubambisana nohulumeni ekwenzeni izikole zethu izikhungo zempumelelo ...’

UMongameli waqhubeke wathi, ‘ Siyaphinda futhi shiso izinto okungeke kwaxoxiswana ngazo. Uthisha ufanele abe sekilasini lesikole, ngesikhathi,efundisa, ngaphandle kokudembeselela umsebenzi wakhe futhi ngaphandle kokuhlukumeza abafundi! Izingane kufanele zibe sekilasini, ngesikhathi, zifunda, zihloniphe othisha bazo nenyenye, futhi zenze umsebenzi wazo wasekhaya...’

NgoLwesihlanu, mhla zi-11 Agasti 2008, uHulumeni wethula umkhankaso wezempilo nezemfundu eWalter Sisulu Square eKliptown (indawo lapho kwenziwa khona i-1955 Freedom Charter). Lo mkhankaso uvela ekwamukeleni ukuthi ezempilo nezemfundu kufanele zibe ngumongo wohlelo lukaHulumeni loguquko emphakathini eminyakeni emihlanu ezayo.

Ohlangothini lwezemfundu, umkhankaso kaHulumeni umema bonke abantu nezinhlangano ukuba zithathele ezandleni zazo ukwenza ngcono ikhwalithi yemfundo. Izici zezemfundo:

- zizokwazisa izakhamizi ngokubaluleka kwezemfundu nezindima, imisebenzi kanye nezibopho zazo kwezemfundu;
- zizogqugquzelia imiphakathi ukuba iqaphe futhi isekele izikole, othisha nabafundi;
- zizokwenza ngcono ikhwalithi yemfundo yazo zonke izingane, ikakhulukazi ezimpofu, futhi
- zikhombisa le khwalithi eyenziwe ngcono ngokuphunyelelwe abafundi okungcono.

Ukuphuelelisa imfundo yekhwalithi yabo bonke kulele ekwenzeni kwaMalungu Ephalamende, iHhovisi LikaNgqongqoshe Wezemfundu Eyisisekelo, amalungu emikhandlu ephethe yezipfundazwe, izikhulu zomnyango, othishanhloko, othisha, abafundi, abazali, abaphathi besikole kanye namalungu omphakathi.

Ekwethulweni komkhankaso kaHulumeni wezempilo nezemfundu ababemele bonke abanendima abayidlalayo ebalulekile kwezemfundu bazibophezela kuMthetho Wemfundu Eyikhwalithi obophezela bona namalungu akhe ekwamukeleni umsebenzi wokwenza ngcono ikhwalithi yokufunda nokufundisa ezikoleni zethu.Omunye nomunye wababambiqhaza uyabizwa ukuba azozibophezela ‘kuMthetho Wemfundu Eyikhwalithi’, ochaza imisebenzi nokuziphatha okudingekayo kwabo.Uma zonke izingxene zomphakathi zisebenzisana –uhulumeni, imiphakathi, abasebenzi bokunakekelwa kwezempiro, izinhlangano zomphakathi, abamabhizini kanye neminye imikhakha – singaqinisekisa ukuthi bonke abafundi bayazuza kwimfundo eyikhwalithi.UMthetho unjengoba ulandela:

Amandla okwenza ngcono ezemfundo alele kithina sonke.Simema zonke izikhulu zomnyango, othisha, abafundi, abazali kanye namalungu omphakathi ukuba azibophezele ‘eMthethweni Wemfundu Eyikhwalithi’.

Lo Mthetho ulawula uMkhankaso Wokufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi (i-QLTC), owethulwa futhi nge-2008. Uphinde futhi usho iphuza lokuqalisa lenhlosombono elandelayo lapho singathanda ukufika ku-2025.Siqinisekisa ukuthi wonke umuntu waseNingizimu Afrika uthola ukufunda isikole okuyikhwalithi yisidingo esiphuthumayo.Futhi siyabona ukuthi lokhu kungeke kwenzeka ngosuku olulodwa.

Izinhlaka ezhlela umkhankaso zayakhiwa emazingeni kazwelone, ezifundazwe, ezifunda, asekaya nawezikole futhi uHulumeni manje umema wonke umuntu waseNingizimu Afrika ukuba ahlanganele nathi kulo mkhankaso, njengengxene yomzamo oqhubekayo wokuphumelisa impilo engcono yawo wonke umuntu.NgoMkhankaso Wokufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi uMnyango Nabalingani bawo bahlose ukwenza imfundo udaba lomphakathi. Sisebenza Sisonke, njengemiphakathi yezikole, iminyango yezigodi , yezipunda kanye nekazwelone kanye nabanye abanotho, singaphumelela ukufeza izibophezelia esizenzile kuSivumelwano Sokwethulwa kanye nakuzinhoso ezichazwe oHlelweni Lokwenza kuya ku-2014: Sibheke Ekwenzeni Impulelo Ukufunda Isikole nge-2025. Kubalulekile ukugqugquzelia nokukhuthaza sonke isizwe mayelana nokuqalisa imfundo eyikhwalithi yawo wonke umuntu.

Ngakho-ke uMkhankaso Wokufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi umema bonke abantu nezinhlangano ukuba bathathe umsebenzi wokwenza ngcono ikhwalithi yemfundo.I-QLTC ihlose ukukhuthaza amalungu emiphakathi, amakhulu namancane kuyo yonke iNingizimu Afrika ukuba alalele ukumenya nguMongameli.Izinhlaka ze-QLTC zizosungulwa kuwo onke amazinga ohlelwemfundu ukuze kuqinisekiswe ukuthi bonke ababambi beqhaza abasohelelwani balandela isifungo abasenzile ukudlala izindima zabo nokwenza imisebenzi yabo ngokusemandleni abo. Kukuphela uma umbambiqhaza - isikhulu, uthishanhloko, nomfundi – edlala indima yakhe ngokuzimisela, ngothando nokuzibophezelia sizokhona ukuphemelelisa okuhle emfundweni.

Lo mkhankaso usuqala ukukhiquiza izithelo ngokusayindwa kwe-NEDLAC Accord kuJulayi 2011 e-UnionBuildings, ePitoli, ngabaholi bezinhlangano zabasebenzi; iBusinessUnitySouth Africa; imikhandlu yomphakathi ekhona

ku-NEDLACD kanye noNgqongqoshe Wonyango Wezemfundu Eyisisekelo esayindela uHulumeni. Isinyathelo esibalulekile sesiVumelwano ukusebenza ngezikole eziphawuliwe ukuze, ngokusekelwa ezikunikwayo, zihlangabezane nezinselelo ezibhekene nazo.

I-QLTC yakhela kubudlelwano nabanotho abasezinhlanganweni zabezamabhiznisi nezomphakathi futhi yenza obusha ukuze iquinisekise ukuthi asikho isikole esisele singenalo usizo esiludingayo. UHlelo Iwe-AdoptaSchool luzohlanganisa abalingani bethu nezikole nagzodwana ukuze kuqinisekiswe ukuthi zizoqala indlela eya ekwenzeni ngcono ngokusekelwa yilezo zinhlangano ezibophezele emfundweni enhle. Lokhu kuyikhathathi esiwumlando kwezemfundo njengoba kukhomba ukuqala kwesikhathathi esisha lapho bonke ababambiqhaza, abanotho kanye nabalingani abasemphakathini bebophezelia izinhlangano zabo ukusekela iphulo lokuphumelelisa ukufunda nokufundisa okuyikhwalithi eNingizimu Afrika.

Okuhle kodwa.

UNKZ. AM MOTSHEKGA, MP

UNGQONGQOSHE WONYANGO WEZEMFUNDO EYISISEKELO

USUKU:



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



UMYALEZO OVELA EKOMIDINI ELIPHETHE LE-QLTC KUZWELONKE

Kunokukhula ekuboneni kwesizwe ukuthi uhulumeni eyedwa angeke akwazi ukulungisa izinselelo zohlelo lwezemfundo futhi kudingeka ukuba kwenziwa isikhala sabalingani basekuhlaleni. UMongameli wenze isimemo esiya esizweni ukuba sihlanganise izandla ekwenzeni ngcono uhlelo lwezemfundo futhi nokwenza ubudlelwane inhlosongqangi yokuphumelelisa lokhu.

Umcimbi obalulekile kulesi sikhathi sokubika kufanele ngakho-ke kube ukusayinda isiVumelwano Semfundo Eyisisekelo. Lo umkhakha obalulekile wezemfundo njengoba ukhombisa ukuqala kwesikhathi esisha lapho ababambiqhaza, abanotho, kanye nabalingani emphakathini babophezela izinhlangano zabo ekusekeleni ukulawulwa kokuphumelelisa ikhwalithi yokufundisa nokufunda ezweni. Lezi zingxene zivumelana ngokusebenziana ukuguqula inqondo yothisha, abafundi nabazali ukuze kwakhiwe kabusha izingxene ezingasebenzi kahle ohlelweni lwemfundo eyisisekelo futhi kuqinisekisa ukwethulwa kwemfundo eyikhwalithi yabafundi, ikakhulukazi ezikoleni ezingasebenzi kahle.

Maphakathi ne-QLTC isibophezelo sezingane zaseNingizimu Afrika . Ingane nengane ifanelwe ukuthola imfundo eyikhwalithi Kukithina sonke ukuqinisekisa ikhwalithi yokufundisa kuzozonke izikole zethu ukuze ukusebenza komfundu okungcono nokuphunyelelisa kuge yimpumelelo.

Ukuze kwenziwe lokhu iqiniso, iKomidi Likazwelonke Lokulawula i-QLTC lenze lencwajana njengomhlahlandlela wabo bonke ababambiqhaza nabanotho ukuze kuqinisekisa ukuphunyelelisa kwezinhluso zethu. Lo mhlahlandlela uzoqinisekisa ukuthi imigomo ye-QLTC ihlanganiswa nesiko lokufundanokufundisa ukuze leli phulo elibalulekile lingabonakali njengomxhantela nje kodwa njengokubalulekile ekusebenzeni kwawo wonke umuntu onendima kwezemfundo.

iKomidi Likazwelonke Lokulawula i-QLTC lihlose ukuqinisekisa ukuthi izinhlaka ze-QLTC zisunguliwe kuwo wonke amazinga ohlelo lwezemfundo kusukela kuzwelonke kuye kwisifundazwe, kuye kwisigodi kuye kusekhethi, uma kudingeka , futhi, ikakhulukazi, ezingeni lesikole. Uhlaka ngalunye Iwe-QLTC lufanele lusebenzele ukuba nomthelela ekufundeni nokufundisa futhi liqinisekise ukuthi okungeke kwaxoxiswana ngakho kwezemfundo kuyaphunyelelisa. Futhi linomsebenzi wokugqquqzela bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba babuthane kusimemo sokufunda nokufundisa okuyikhwalithi.



Provincial advocacy around code for quality education



UKUZIBOPHEZELA KWIMFUNDU YOMPHAKATHI EYIKHWALITHI

UMTHETHO WEMFUNDU EYIKHWALITHI

Ekwethulweni komkhankaso kaHulumeni wezempiro nezemfundo ababemele bonke abanendima abayidlalayo ebalulekile kwezemfudo bazibophezela kuMthetho Wemfundo Eyikhwalithi ebophezela bona namalungu akhe ekwamukeleni umsebenzi wokwenza ngcono ikhwalithi yokufunda nokufundisa ezikoleni zethu. Omunye nomunye wababambiqhaza uyamenya ukuba azozibophezela ‘kuMthetho Wemfundo Eyikhwalithi’, ochaza imisebenzi nokuziphatha okudingekayo kwabo.Uma zonke izingxenye zomphakathi zisebenzisana – uhulumeni, imiphakathi, abasebenzi bokunakekelwa kwezempiro, izinhlangano zomphakathi, abamabhizinisi kanye neminye imikhakha – singaqinisekisa ukuthi bonke abafundi bayazuza kwimfundo eyikhwalithi.UMthetho unjengoba ulandela:

Amandla okwenza ngcono ezemfundo alele kithina sonke.Simema zonke izikhulu zomnyango, othisha, abafundi, abazali kanye namalungu omphakathi ukuba azibophezele ‘eMthethweni Wemfundo Eyikhwalithi’.

IZIFUNGO ZABO BONKE ABADLALI IQHAZA KWEZEMFUNDU

Isiqephu esivela kuziFungo zaseKliptown

NJENGESIKHULU SOMNYANGO, ngethembisa;

- ukuqinisekisa ukuthi zonke izikole zithola izinsizo ezidingekayo ngesikhathi sokuba ukufunda kuqale;
- ukuqinisekisa ukuthi zonke izikole zinikwe abasebenzi abenele, nokuthi nanoma iziphi izikhala zemisebenzi zivaliwe ngaphandle kokumosha isikhathi;
- ukwenza ngcono ulwazi namakhono ami ukwenzela ukuba ngiphumelele ukusebenza;
- ukuhlala njalo ngisiza izikole, othishanhloko nothisha;
- ukuphendula izicelo noma ukukhathazeka kwabanotho bezemfundo;
- ukuvakashela zonke izikole ezikhona esigodini njalo;
- ukuqaphakokuba khona kukathisha nomfundi, kanye nokuqinisekisa ukuthi ayikho ingane engafundi;
- ukusiza zonke izikole ukuba zithuthukise ukusebenza kwazo, ukuqinisekisa ukuthi ukuvivinywa kwanjalo kuyensiwa, futhi yonke imiphumela ibikelwa abazali.

NJENGELUNGU LESIGUNGU ESILAWULA ISIKOLE:ngethembisa:

- ukuqhubelekisa phambili ukunaka kwasikole futhi ngisebenzele ukuqinisekisa ukuthuthuka kwaso;
- ukusebenzela ukuqinisekisa ukuhlinzekwa kwemfundo eyikhwalithi yabo bonke abafundi abasesikoleni;
- ukuthatha zonke izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi abanotho besikole bayambandakanya kwimisebezi yesikole;
- ukuthatha zonke izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi izimali nempahla yesikole iphethwe ngezinqubo ezinhle zebhizinisi;
- ukusekela uthishanhloko, abafundisi kanye nabanye abasebenzi besikole ekwenzeni imisebenzi yabo yolwazi;
- ukuziphatha ngokuhambelana nesbopho enginikwe sona sokuba ngime esikhundleni sokwethenjwa esikoleni kanye nakubalawuli engisebenza nabo;
- ngazo zonke izikhathi ngenze okusemandleni ukuzuzisa isikole.

Njengothishanhloko, ngethethembisa ukulandela yonke imidanti yemithetho yenkambiso enhle ye-SACE kanye:

- nokuhubekisela phambili ukwethembeka nenhloni pho ekwenzeni imisebenzi yami yokuphatha nobuholi ngokusemandleni ami;
- ukufikangesikhathi, ngizilungiselele kahle nangomdlandla imisebenzi yami njengomholi onolwazi;
- ukusebenzela ukuba ngumfundu ongenasiphelo;
- ukukhuthaza nokusekela abasebenzi bami kuzifiso zokukhula ngolwazi zabo;
- ukusebenzelaukuqanda ukuziphatha okungekuhleokufana nobudlelwanooobungebuhle phakathi kukathisha nengane kanye nobudakwa;
- ukuqinisekisa ukuthi zonke izaziso, imibhalo kanye nolwazi olufanele luyabelwana nabanotho ngokushesha;
- ukuthatha izinyathelo ezidingekayo ukuqinisekisa ukuthi i-PED/Isigodi sithola lonke ulwazi oludingekayo ukuthola izinsiza zokufunda nokufundisa ngesikhathi;
- ukuqinisekisa ukuthi i-PED/Isigodi sithola lonke ulwazi oludingekayo ukusheshisa ukuvalwa kwezikhala zomsebenzi ngokushesha;
- ukuqapha ukuba khona kothisha emsebenzini;
- Ukuqapha ukuba khona kwabafundi kanye nokusebenzela ukuqinisekisa ukuthi akukho ngane engekho esikoleni ngokungadingekile;
- ukuhlinzeka njalo ngolwazi abazali ngokusebenza kwezingane zabo;
- Ukuqinisekisa ukuthi i-QLTC esikoleni sami iyasetshenzisa ngokusemandleni ami kanye nokuqinisekisa ukuthi ukubaluleka komkhankaso kuyaqondwa yibo bonke ababambiqhaza kodwa ikakhulukazi abazali nomphakathi wendawo;
- ukusekela i-SGB ekwenzeni umsebenzi wayo.

Njengomfundu, ngethembisa:

- ukwamukela ukuthi isizathu esikhulu sokuba sesikoleni ngukufunda nokuzithuthukisa ngolwazi, ngempilo nangamasiko;
- ukulandela imithetho yesikole;
- ukuhlonipha ukuba semthethweni kothisha namandla abo;
- ukubamba iqhaza kuMikhandlu Emele Abafundi (ama-LRC) ukuvikela ukunaka kwami;
- ukukhombisa inhlonipho kwabanye abafundi nokungabandlululi;
- ukunqanda ukuziphatha okungebona okobuntu okufana nokweba, ukumosha, ukulimaza, ukuhlukumeza ngokocansi, utshwala kanye nokunye okwenziwayo okuthikameza inqubo yokufunda.

Njengothisha, ngokuhambelana noMthetho Wenkambiso Yolwazi Enhle we-SACE, ngethembisa:

- ukufundisa, ukuqhubukisela phambili imfundo nokuthuthukiswa kwabafundi ngabodwana;
- ukuhlonipha isithunzi namalungelo abo bonkeabantu ngaphandle kokwenzelela;
- ukwandisa ukwethembeka nenhloniphoyobuthishela;
- ukufika ngesikhathi, nangomdlandla, ngizilungiselele kahle izifundo, kanye nokuba sesimweni esikahle senqondo nomzimba;
- ukwenza ngcono ulwazi namakhono ami ukuze ngisebenze ngempumelelo;
- ukugcina ukuxhumana okuhle phakathi kothisha nabafundi, kothisha bebobwa, kanye naphakathi kothisha nabazali;
- ukuhlinzeka abazali njalo ngokusebenza kwezingane zabo;
- ukuqedaukuziphatha okungekuhle okufana nobudlelwano obungebuhle phakathi kukathisha nengane, ubudakwa, ukusebenzisa izidakwamizwa, ukulimaza, ukuhlukumeza ngokocansi kanye nokunye;
- ukwenza ukuthi ngitholakale ukuhlinzeka imisebenzi engalena kokufundisa.

Njengomzali, ngethembisa:

- ukuzimbandakanya ngokubonakalayo kokwenziwayo kwesikole, kumbandakanya kuzinhlaka zokuphathwa kwesikole;
- ukuba nokuxoxisana njalo nengane yami ngemidanti yesikole jikelele;
- ukutshala ubudlelwano obunempilo, obuvulekile nokokubambisana nothisha bezingane zami;
- ukwenza isimo ekhaya esivumela ukufunda;
- ukulekelela ekuvikeleni izinsiza zemfundo ezifana nezincwadi, izihlalo, amatafula nokunye;
- ukunikela, ngokusemandleni ami, izinsiza ezidingekayo ekufundeni kwengane yami.

Njengomphakathi, sithembisa:

- ukuqinisekisa ukuthi yonke ingane ehamba isikole isesikoleni;
- ukuqinisekisa isimo esiphephile nesingenabugebengu sokuba sesikoleni, kanye nokuvikela isikole nempahla yaso ekumoshweni;
- ukuqapha ukusebenza kwesikole, kanye nokubika izinkinga kuziphathimandla ezifanele.

UMKHANKASO WOKUFUNDA NOKUFUNDISA OKUYIKHWALITHI (I-QLTC)

I-QLTC ihlose ukukhuthaza isizwe sonke ekusekeleni imfundo eyikhwalithi.Ukuze kufezwe lokhu, izinhlaka ezihlelayo zizosungulwa emazingeni kazwelone, ezifundazwe, ezigodi (amasekhethi) nawezikole.Uhlaka ngalunye Iwe-QLTC, okuyisikole, isigodi, isifundazwe, amakomidi ezifundazwe nakazwelone e-QLTC,luzoqapha ukubambelela kwababambiqhaza abehlukene kuzifungo zabo ekusizeni ngcono ikhwalithi yokufunda nokufundisa.

Ukuphendula kuwo onke lamaphulo nokuzibophezela kukaHulumeni noMongameli, uMnyango Wezemfundo Eyisisekelo ngokubambisana nabalingani emphakathinibethula uMkhankaso Wokufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi (i-QLTC). I-QLTC isebezelu ukuletha impumelelo ekwethulweni kokufunda nokufundisa okuyikhwalithi ngemizamo yokubambisna okuphakathi koMnyango Wezemfundo Eyisisekelo, iziNyunyana Zabasebenzi, iziGungu Eziphethe Izikole, Abazali, Abafundi, Abaholi Bendabuko, Abezamabhzinisi, Imiphakthi, i-ELRC, i-SACE kanye nezinye izingxenye ezinothando ngaphakathi nangaphandle kwenkundla yezemfundo.

Enye nenye ingxenye izibophezele kulomkhankaso ngokuthatha kubona noma ubani isifungo sokuba isimele futhi iphinde isilandele.I-QLTC ilindele isimo esimbandakanyayo lapho zonke izinhlaka ezimbandakanyayo ze-QLTC zizosungulwa ukuba ziqaphe, kokunye ukuphoqeleta okungeke kwaxoxiswana ngakho, izifungo kanye nezinye izinhlelo zomnyango.

Ngakho-ke uMkhankaso Wokufunda Nokufundisa Okuyikhwalithi umema bonke abantu nezinhlangano ukuba zithatelle ezandleni zazo ukwenza ngcono ikhwalithi yemfundo

Isimo njengamanje ezikoleni eziningi simbandakanya okulandelayo:

- Ukusebenza okungekuhle kwabafundi ezikoleni eziningi;
- Izinga eliphezulu lokungezi esikoleni kanye nelokwephiza ukufika kothisha, izikhulu zomnyango nabafundi;
- Ukwehla kothando nokuzibophezela kothisha abanigi kanye nokwezikulu zomnyango;
- Ukunganeli kwezincwadi zokufunda kanye nezingqalasizinda nezinsiza ezingekho esimweni esihle ezikolweni eziningi;
- Ukunganeli kokubonga nokwazisa kothisha abasebenza kahle kakhulu, kwezinkole ezinempumelelokanye nabanotho abanendima enhle kwezemfundo; kanye
- Nokusilela ekubhekweni kwesixazululosokushayisana kwezabasebenzi kanye nemidanti yokuqondiswa kwezigwe, okunemithelela engemihle ekufundeni nasekufundiseni.
- Izinkinga zabanye abafundi abenezihibe ezivimbela ukufunda kuzikole ze-ENSEN.

INtshisekelo ye-QLTC

Ukukhuthaza ukulandela izinto ezingeke kwaxoxiswana ngazo kuzo zonke izikole zomphakathi zaseNingizimu Afrika kwenziwela uMnyango Wezemfundo Eyisisekelo , iziNyunyana (i-SADTU, i-NAPTOA, i-SAOU, i-PEU kanye ne-NATU), bonke abalingani bomphakathi kanye nabanye ababambiqhaza kwezemfundo, ngaleyo ndlela kubanjwe iqhaza ekwenzeni ngcono ukwethulwa kwezinsizo, ukuqedwa kobuphofu kanye nokuthuthukiswa kwenhlakahle yezingane zaseNingizimu Afrika.

INhlosombono ye-QLTC

Ubudlelwano phakathi koMnyango Wezemfundo Eyisisekelo kanye nabanye ababambiqhaza kwezemfundo kanye nabanotho buyimodeli okuhloswe ngayo ukuhqubekisela phambili nokuvikela isiko lokufunda nokufundisa ngokugxilisa umthetho Wemfundo Eyikhwalithi kubo bonke ababambiqhaza, ukuze kuphunyeleliswe ukufunda nokufundisa okuyikhwalithi kwabo bonke.

ImiGomo Eyisisekelo ye-QLTC

- I-QLYC ihlose ukwakha ubudlelwano nabo bonke abanotto, ikakhulukazi i-DBE neZinyunyane Zothisha kanye nabazali nezikole;
- UMnyango uzibophezele ekusekeleni othisha, ukwenza ukuthi izikhulu zaho ziziphendulele, ekuqinisekiseni ukuthi izinsiza ezidingeckayozihlinzekwa ngesikhathi, futhi izikhala zemisebenzi zivalwa ngokushesha;
- Zonke izinyunyane zothisha zibophezele amalungu azo ekufikeni ngesikhathi ekilasini, ezilungiselele futhi efundisa;
- Bonke abalingani bazibophezele ekwakheni isimo lapho bonke ababambiqhaza bekhombisa ukuzinikela ekusebenzeni ngolwazi;
- Bonke abalingani bazibophezele ekuqhubelekiseni phambili nasekuthuthukiseni isiko lokufunda, lokufundisa kanye nokuziphatha kahle kuzo zonke izikole;
- Bonke abalingani bazibophezele ekuphumeleliseni ukusizwa okuyikhwalithi kuwo onke amazina;
- Bonke ababambiqhaza bazibophezele ekulandeleni imisebenzi nezibopho zabo; futhi
- Bonke ababambiqhaza bazibophezele ekwenzeni zonke izikole izikhungo zempumelelo;
- Ukwakha ubudlelwano obuqinile kanye nokuqinisekisa ukuqalisa okuyimpulelelo njengoba kwenzekile ku-NEDLAC.

IziNhoso Ezi-4 Ezibalulekile

- Ukuphatha nokuhlela ukusungulwa kwezinhlaka ze-QLTC kuwo onke amazinga ohlelo lwezemfundo ukuze kuqaliswe izinto okungeke kwaxoxiswana ngazo ezimayelana nemfundo ku zo zonke izikole;
- Ukuqinisekisa ukuthi izinto okungeke kwaxoxiswana angazo ziyaphunyelelisa ukuze kwethulwe ukufunda nokufundisa okuyikhwalithi kulo lonke izwe;
- Ukukhuthaza imiphakathi kanye nokwazisa ngezindima nezibopho zazo zonke izakhamizi ngokokubaluleka kwemfundo eyikhwalithi;
- Ukuqapha nokusekela ukuqaliswa kwe-QLTC kanye nokwethulwa kokufunda nokufundisa okuyikhwalithi kuzo zonke izikole zomphakathi.

AmaGugu e-QLTC

- **Isithunzi** siyisisekelo se-QLTC, ukuze bonke abantu baphathwe ngokungenzeleli futhi bonke ababambiqhaza kwezemfundo bazosebenza ngokwezinhlaka zomthetho nezinqbomgom.
- **Ukusebenza** okunolwazi kubalulekile ekuphumeleleni ekufezeni inhoso yethu. Kusho ukuzibophezelamthethweni Wemfundo Eyikhwalithi nokwenza izibopho nemisebenzi yomuntu ngendlela ekhonekayo ukuze kufezwe izidindo zethu zezemfundo.
- **Inhloniph** iyisiekelo sokubhekana kwethu nesisebenza nabo, abafundi, ama-SGB, imiphakathi, abaHoli Bendabuko kanye nabanye. Iso ukucabangela abanye nokukhona ukuphendula kumalungelo abanye abantu.
- **Ukubambisanakuyisisekelo** ekubhekaneni nezinselelo zesikhathi esizayo. Kusho ukwakha ubudlelwano nokusebenzisana ukuze kuphunyeleliswe izinhoso ezifanayo.



IziNto Ezinika Ulwazi Izinhloso Zamasu kanye Nohlolo Lokwenza Le-QLTC

- Ukuqinisekisa ukuthi izinto okungeke kuxoxiswane ngazo ziyaphunyelelisa ukuze kuqinisekiswe ukwethulwa kokufunda nokufundisa okuyikhwalithi ezweni lonke;
- Ukuqinisekisa ukwaziswa ngemigomo eyisisekelo ye-QLTC igelezeliselwa kuzikhulu zoMnyango, othisha, abafundi, izinhlaka zomphakathi kanye nawo wonke amalungu omphakathi;
- Ukugquqguzela bonke abanotho kuwo wonke amazinga angaphakathi nangaphandle kwezemfundo ukuba babambe iqhaza kuzinhloso zokungeke kwaxoxiswana ngakho kanye nemigomo ye-QLTC;
- Ukuqinisekisa ukuthi izinhlaka zikazwelonke nezezifundazwe zithathela ezandleni zazo ngokuphelele umsebenzi wokuqashwa nokusekelwa kokwethulwa nokusimama kwezinhlelo ze-QLTC;
- Ukubamba iqhaza ekwehliseni amazinga okungabikhona kanye nokwephaza ukufika phakathi kwezikhulu, othisha nabafundi;
- Ukubabamba iqhaza, ngokubambisana ne-ELRC, ekwakheni ukuthula emsebenzini phakathi kwezingxenye eziku-ELRC;
- Ukwenza ukuthi abanotho bahloniphefuthi bazise amaqoqo empumelelo nokusebenza okuhle, noma ukubamba iqhaza elihle, isibonelo, othisha, othishanhloko, abezamabhizinisi, abantu ngabodwana, ama-NGO, njll.
- Ukwazisa imiphakathi, izinhlangano zangasese, izinhlangano namalungu omphakathi ukuthi amukele izikole ezingasebenzi kahle nezisebenza kahle.
- Ukuqinisekisa ukusungulwa nokuhlonyiswa kwazo zonke izinhlaka ezisebenzayo ze-QLTC emazingeni onke, okungukuthi kuzwelonke, kuzifundazwe, kuzigodi nasezikoleni.

ISu Lokuqalisa Okwethulwayo Okubalulekile

Lokhu okwethulwayo okubalulekile okulandelayo kubalulekile ekuqaqalisweni ngempulelo **kwezinto ezingeke kwaxoxiswana ngazo** kanye nasekuvaleni isikhala esikhona phakathi kwesimo samanje kanye nekusasa elifiswayo futhi nokuba nomthelela omuhle ekwethulweni kokufunda nokundisa okuyikhwalithi ezikoleni:

- Ukusungula nokuhlomisa izinhlaka ze-QLTC
- Ukwamukela izikole ezingasebenzi kahle nezisebenza kahle
- Ukwazisa impumelelo nokusebenza kwezinga eliphezulu
- Ukunqanda ukungabibiko nokwephuzza ukufika phakathi kwezikhulu zomnyango, othisha nabafundi
- Ukwakha ukuthula kwezabasebenzi kanye nokusheshisa inqubo yokuqondiswa kwezigwegwe
- Ukuqokwa nokwabiwa othisha ngesikhathi
- Ukwenza ngcono uhlelo lokudla lesikole
- Ukuhlinzekwa kwezinto ezifanele zokusekela abafundi nothisha
- Ukwenza ngcono uhlelo lokuthuthwa kwabafundi
- Ukwenza ngcono izingqalasizinda zezikole zemfundu eyisisekelo
- Ukwenza ngcono ukusebenza jikelele komnyango, izigodi, amasekhethi nezikole
- Ukuphatha ezezimali ngemfanelo
- Ukuqapha ingozi kanye nokuphepha nokuvikela
- Ukunqanda inkohliso nenkohlakalo
- Ukwenza ngcono amandla okuphatha uhlelo Iwezifundo
- Ukwenza ngcono ukuphendula kuzimo eziphuthumayo ezithikameza ukufunda esikoleni, ezifana nezinhlekellele zemvelo, izingozi, imililo yasendle, njll.



USekela-Nggongqoshe, uMnu. Enver Surty, ufundisa ikilasi eSegonyane Primary School eNyakatho Kapa, ngo-Agasti 2011

IziNkomba Zamasu Okukalwa Kwempumelelo Yezinhlelo


- Ukufunda nokufundisa okwensiwe ngcono ezikoleni
- Inqubomgomu nezinquo zokuba semsebenzini ziqalisiwe
- Ukwelha kwezinga lokungabi bikho kanye nelokuphuza ukufika
- Othisha bachitha isikhathi esiningi ekilasini befundisa futhi okungenani amahora ayi-7 abawasebenzisa besesikoleni
- Ukuhlinzeka nokwethulwa kwezincwadi zokufunda okwanele
- Ukuthola imaphakathi phakathi kokwenza kothisha kanye nokwaziswa kobuhle
- Ukuphumelelisa kwamazinga okwenza abafundi ezikoleni ezamukelwe zingasebenzi kahle
- Ukuqiniswa kobudlelwane nabanotho
- Ukuthuthuka kwesiko lokufunda, ukufundisa kanye nokuqondiswa kwezigwegwe kuzo zonke izikole
- UKuphulelisa izinga lokusizwa eliyikhwalithi kuwo wonke amazinga
- Bonke ababambiqhaza balandela imisebenzi nezibopho zabo
- Ukusungulwa kwazo zonke izikole njengezikhungo zempumelelo



ZIFEZWA KANJANI IZINHLOSO ZETHU

(1) UKUSUNGULWA KWEZINHLAKA ZE-QLTC

Ukwakheka kwe-QLTC



* lapho lisetshenziswa

IZINHLAKA ZE-QLTC

Isibopho

Isibopho sezombusazwe se-QLTC kuzoba yileso sikaNgqongqoshe noma ama-MEC afanele. Isibopho sokuqaliswa nokuphathwa kwe-QLTC kuzoba yileso soMqondisi-Jikelele (u-DG) kanye neZinhloko Zomnyango zezifundazwe (ama-HoD).

Izibopho zokusetshenziswa nokuphathwa ngu-DG/ama-HoD kufanele zimbandakanye kodwa zingapheleli kwezilandelayo:

- a. Ukusungulwa kwezinhlaka ezimbandakanyayo zabanotho kuwo onke amazinga omnyango; kuzifundazwe, isigodi nasesikoleni.
- b. Ukuhlela nokuqaphaukuqaliswa komkhankaso kuwo wonke amazinga.
- c. Ukuqapha ukulandela kwabanotho izifungo ze-QLTC.

IKOMIDI LIKAZWELONKE ELIPHETHE LE QLTC (i-NQLTCSC)

Imihlangano yeKomidi Likazwenke Eliphethe le-QLTC kufanele iphathwe nguNgqongqoshe/uSekela-Ngqongqoshe noma uMqondisi-Jikelele kuphela futhi ifanele ibizwe kanye ngekota.

I-NSC yakhiwa izikhulu eziphezulu zoMnyango Wezemfundo eyisisekelo, iziKhulu Eziphethe Zezinyunya Zothisha, iziNhloko Zeminyango Yezemfundo Yezifundazwe, abamele iziNhlangano Zezigungu Zokuphathwa kwezikole, uKhongolose Wabaholi Bendabuko BaseNingizimu Afrika (i-CONTRALES), uMkhandlu Wabafundisi BaseNingizimu Afrika, (i-SACE), uMkhandlu wezabasebenzi Bezemfundo (i-ELRC) kanye noKhongolose Wabafundi BaseNingizimu Afrika (i-COSASA).

IQEMBU LIKAZWELONKE ELIHELAYO LE QLTC (i-QCT)

IQembu Likazwelonke Elihelayo Le QLTC (i-QCT) yakhiwa ngumphathi wephrekhti kanye nabamele iziNyunyana Zothisha abakhethelwe kuMnyango Wezemfundo Eyisisekelo uykuba basebenze ekuqaliseni nasekwethulweni kwezinhlelo ze-QLTC ezweni lonke.

- I-QCTC yenza imibiko iyenzela iKomidi Likazwenke Eliphethe le-QLTC;
- I-QCT iphendula ngokushesha izikhala zo ezivela emphakathii jikelele ngemidanti eyizihibe ekwethulweni kokufunda nokufundisa okuyikhwalithi;
- Izinhlelo nemihlangano yokucobelelana ngolwazi ibanjwa yi-QCT ekusekeleni umkhankaso
- IQembu Elihelela Ikhwalithi (i-QCT) lidinge ka ukuba liqaphe ukulandela kwezingxene kokungeke kwaxoxiswana ngakho.



AMakomidi Ezifundazwe Aphethe e-QLTC (ama-PQLTCSC)

Umsebenzi we-QLTC kusifundazwe siseHhovisini le-MEC.

Umsebenzi wokuqalisa nokuphatha i-QLTC uzoba ilowo weziNhloko Zomnyango (ama-HoD) kusifundazwe ngasinye. Umsebenzi wokuqaliswa nokuphathwa ngama-HoD ufanele umbandakanye kodwa ungapeleli kwelandelayo:

- a. Ukusungulwa kwezinhlaka ezimbandakanyayo zabanotho kuwo onke amazinga omnyango kuzifundazwe ikakhulukazi ezikoleni.
- b. Ukuqapha ukulandela kwabanotho izifungo ku-QLTC.
- c. Ukuhlela nokuqapha ukuqaliswa komkhankaso kuwo wonke amazinga ngaphakathi kusifundazwe.

Isifundazwe ngasinye sizosungula iKomidi Lesifundazwe Eliphetha le-QLTC. Izinhlaka zesifundazwe kufanele zibheke ukubaluleka kokulingana, ukumelwa kanye nokukheteka kwesifundazwe ngasinye. Imigomo yokumelwa okululiwe kufanele ibe nokulingana phakathi kwekomidi elikhulu ngokwanele kanye nelifanele. Imihlangano yeKomidi Lesifundazwe Eliphetha le-QLTC kufanele iphathe ngu-MEC noma i-HoD kuphela.

I-QLTC isebezenza ukwenza imfundo udaba lomphakathi. Zonke izinhlaka ze-QLTC kufanele zimbandakanye ngokukhonekayo. Kuye ngokuhluwa kwesifundazwe, isigodi nesikole esithintekile, izinhlaka ze-QLTC zingambandakanya, kodwa zingapeleli, kokulandelayo:

- Abamemele i-SGB
- Abamele iziNyunyana Zothisha
- Abamele izinhlangano Zabafundi noma ama-RCL
- Izinhlangano Zenkolo
- Abaholi bendabuko
- Izinhlangano zomphakathi
- Abantu noma izinhlangano zamabhizinisi

IKomidi Lesifundazwe Eliphethe le-QLTCizokwakhiwa okulandelayo:

- iNhlokoYomnyango ezobiza futhi iphathe imihlangano,
- uMhleli Wesifundazwe we-QLTC,
- aBameleizigodi,
- aBaholiBezinyunya Besifundazwe benyunya ngayinye ngaphandle uma benamalungu ngaphakathi kwaleso sifundazwe,
- omele iNhlangano Yesigungu Sokuphatha isikole ngasinye,
- omele abazali noma abaholi bendawo noma abaholi bendabuko noma izinhlaka zomphakathi ezimele imiphakathi ngaphakathi kusifundazwe, kanye nezinhlaka zabafundi/zezitshudeni

Izindima Nemisebenzi

I-PQLTCSC ibheke lokhu okulandelayo:

- ukuhlela uhlelo Iwe-QLTC kusiFundazwe;
- ukuqinisekisa ukusungulwa kwezinhlaka ze-QLTC emazingeni ezigodi nezikole;
- ukuqapha ukuqaliswa komkhankaso we-QLTC kuwo wonke amazinga akhona kusifundazwe;
- ukwenza umbiko, njalo ngekota, emazingeni okulandelwa izikole nezigungu mayelana nokuqaliswa komkhankaso;
- ukuxhumana noMnyango Wezemfundo Wesifundazwe, isiGungu kanye Nezikole;
- i-PQLTC kufanele ihangane okungenani kanye ngekota.

IKomidi Lesigodi Leforamu ye-QLTC (i-DQLTCF)

Izinhlaka zesigodi kufanele zibheke ukubaluleka kokumelwa ngokulingana nokukheteka kwezfunda zazo.Umgomo wokumelwa okwelulekile kufanele ube ozimelele phakathi kobukhulu kanye nekomidi elizimelele kahle.I-DQLTCFSC kufanele ihangane kanye ngekota.

Iforamu Yesigodi ye-QLTC izokwakhiwa okulandelayo:

IForamu Yesigodi ibheke lokhu okulandelayo:

- ukuhlangana ekuqaleni okungenani kanye ngenyanga,okunguthi ikanye ngekota lithathwa njengenqubo eyodwa equaliswe ngemupumelelo;
- ukuhlela nokuqapha ukuqaliswa komkhankaso kuwo onke amazinga emazingeni esiFunda, eSekhethi, kanye naweSikole;
- ukuqinisekisa ukulandelwa kwezinto okungeke kuxoxiswane ngazo kwababambiqhaza;
- ukuqinisekisa ukusungulwa kwezinhlaka ezahlukene ze-QLTC ngaphakathi kwisekhethi nezikole;
- ukubika, okungenani ngekota, ngempumelelo yomkhankaso kumazinga esekhethi nawezikole kwiKomidi Lesifundazwe Eliphethe le-QLTC;
- ukuqinisekisa ukuthi imibiko iyatholakala evela kuzo zonke izikole njengoba kunqunywe yi-PQLTCSC;
- ukuxhumana ne-PDE, isiGodi Nesikole ngemidanti ephakanyiswe kumibiko yesekhethi nesikole; kanye
- nokubhalwakwemibiko nokwenza izincomo kuma-PDE kanye nasekomidini le-SQLTC SGB mayelana nokutholakele kumibiko.

Izindima Nemisebenzi ye-DQLTCF

IForamu Yesigodi ibheke lokhu okulandelayo:

- ukuhlangana ekuqaleni okungenani kanye ngenyanga,okunguthi ikanye ngekota lithathwa njengenqubo eyodwa equaliswe ngemupumelelo;
- ukuhlela nokuqapha ukuqaliswa komkhankaso kuwo onke amazinga emazingeni esiFunda, eSekhethi, kanye naweSikole;
- ukuqinisekisa ukulandelwa kwezinto okungeke kuxoxiswane ngazo kwababambiqhaza;
- ukuqinisekisa ukusungulwa kwezinhlaka ezahlukene ze-QLTC ngaphakathi kwisekhethi nezikole;
- ukubika, okungenani ngekota, ngempumelelo yomkhankaso kumazinga esekhethi nawezikole kwiKomidi Lesifundazwe Eliphethe le-QLTC;
- ukuqinisekisa ukuthi imibiko iyatholakala evela kuzo zonke izikole njengoba kunqunywe yi-PQLTCSC;

- ukuxhumana ne-PDE, isiGodi Nesikole ngemidanti ephakanyiswe kumibiko yesekhethi nesikole; kanye
- nokubhalwakwemibiko nokwenza izincomo kuma-PDE kanye nasekomidini le-SQLTC SGB mayelana nokutholakele kumibiko.

IKomidi Lesikole Le-QLTCSGB(i-SQLTCSGBC)

Lolu hlaka kufanele lubukwe njengohlaka olubaruleke kakhulu le-QLTC njengoba lufaka phakathi othisha, abazali, izikhulu zomnyango, abafundi kanye nomphakathi ngqo. Luyithuluzi elibaluleke kakhulu lokuphumelelisa inhloso yemfundo eyikhwalithi yabo bonke ngokwenza kanye nokuqgugquzela onke amalungu omphakathi ngemfundo.

Ukwakheka kwe- SQLTCSGBC

TI-SQLTCSGBC kuzoba ikomidi lesiGungu Sokuphathwa Kwesikole futhi kufanele lakhiwe okulandelayo:

- ilungu le-SGB elizoba ngusihlalo wekomidana;
- uThisanhloko;
- ukumelwa kothisha okufanele (okungukuthi oyedwa ovela kwinyunyane ngayinyeemele abasebenzi);
- umzali noma umphakathi noma inhlango yezenkolo uma futhi lapho kufanele;
- omele i-RCL ezikoleni eziphezulu; kanye
- nomele isigodi noma isekhethi (lapho kukhoneka)

Izindima Nemisebenzi

Izindima nemisebenzi yekomidi le- SQLTCSGB injengoba ilandela:

Njengekomidi le-SGB le-SGB, kubalulekile, ukuthi ikomidi le-SGB libike njalo ku-SGB ngelikutholile, lihlongoze okuzokwenziwa futhi liye emphakathini ukuze linqande ukuphindaphindana kwemisebenzi. Kunezinto ezimbili ezibalulekile kuzindima nemisebenzi yekomidi le-SQLTC SG. Yilezi:

- Ukuqapha ukulandelwa kwezinto okungeke kuxoxiswane ngazo esikoleni
- Ukubika ngezinselelo kanye nokwenziwayo okuheliwe okuzokwenziwa ngaphakathi esikolweni nasemphakathini ku-SGB kanye nasoHlakeni lesiGodi Le-QLTC; kanye
- Nokugqugquzela isikole nomphakathi omkhulu ngokusekela umkhankaso we-QLTC ukuze kuphunyeleliswe imfundo eyikhwalithi yawo wonke umuntu.

Uma sinaba, lokhu kusho ukuthi ikomidi le-QLTC SGB kufanele

- liqinisekise ukuthi bonke ababambiqhaza baphakamisa izifungo zabo esikoleni kanye nokuthi isikole sifeza izibopho nezimfuno zomkhankaso we-QLTC;
- liqinisekisaukuthi bonke ababambiqhaza esikoleni – kumbandakanya uthishanhloko kanye nabasebenzi bokufundisa nokuphatha, abafundi, abazali kanye namalungu omphakathi – bayakuqonda ukabaluleka nobukhulu bomkhankaso we-QLTC kanye nokubamba iqhaza okuphelele phakathi ohlakeni lekomidi le-SQLTC SGB;
- liqaphe futhi libike ngezinselelo kanye nezimpumelelo zomkhankaso we-QLTC kanye nokusebenza kwawo ekugqugquzeleni zonke izikole ukuba zifeze izibopho zazo zomkhankaso we-QLT kanye nezinto okungeke kwaxoxwa ngazo;
- liqinisekiseukuthi kunokusakazwa okwanele okunikwa umkhankaso ngokuxhumana nabazali nomphakathi; kanye
- nokufaka imibiko njalo njengoba kudingeka ku-DQLTCF ngempumelelo yomkhankaso ezingeni lesikole
- (Bheka isiXhumelo A, emaKhasini ama-58 – 59, isibonelo sama-ajenda kanye namathempulethi okuqapha);

ZIFEZWA KANJANI IZINHLOSO ZETHU

(2) Ukuqonda izinto ezingeke kwaxoxiswana ngazo

UKUQONDA IZINTO OKUNGEKE KWAXOXISWANA NGAZO

Inhoso enkulu ye-QLTC ngukuphatha kanye nokuhlela ukusungulwa kwezinhlaka ze-QLTC kuwo onke amazinga ohlelo lezemfundo ukukuqaliswe izinto ezingeke kuxoxiswane ngazo ezimayelana nemfundo ezikoleni zethu.

Ukuqashwa kwamathuluzi ekomidini le-QLTCSGB

I-QLTC idinga bonke othisha nezikulu ukuba zilandele izinto ezingeke kwaxoxiswana ngazo emzameni wayo wokuhlinzeka imfundo eyikhwalithi yabo bonke futhi ngokunjalo izinto zokuqapha zibalulekile emkhankasweni.

Umsebenzi wekomidi lesikole le-QLTC:

- Ngukuqapha nokubika ngokuthi isikole sisebenza kanjani futhi nokuggamisa nanoma iziphi izinselelo nezimpumelelo
- Ukuhlangana njalo ukuzoxoxisana ngokuqhubekayo esikoleni
- Ukugqugquzela umphakathi ekusekeleni isikole

Ikomidi lesikole le-QLTC kufanele lizibuze le mibuzo elandelayo:

- Ingabe zisho ukuthini izinto okungeke kwaxoxiswana ngazo ngokwesikole sethu? Ingabe isikole sethu siyasebenza?
- Yini esingayenza ukuqinisekisa ukuthi sehlule nanoma iziphi izinselelo ekubhekaneni nezinto okungeke kwaxoxisanwa ngazo?
- Singawumbandakanya kanjani umphakathi ekusekelweni kwemizamo yethu yokuphumeleisa ukufunda nokufundisa okuyikhwalithi? Ingabe kabalulekile ukuhlaziya imithelela yezinto okungeke kwaxoxiswana ngazo?:

Siyaphinda sigcizelela izinto zethu okungeke kwaxoxiswana ngazo. Othisha kufanele babe sekilasini, ngaso sonke isikhathi, befundisa, ngaphandle kokushaya indiva umsebenzi kanye nokungahlukumezi abafundi! Izingane kufanele zibe sekilasini, ngaso sonke isikhathi, zifunda, zihloniphe othisha bazo nomunye nomunye futhi zenze umsebenzi wazo wasekhaya ...'

UMongameli Zuma, iNkulumo Yesizwe, mhla zi-3 Juni 2009

UMongameli wagcizelela ama-ThreeTs adingekayo ukuze ukufunda kwenzeke. Lokhu "ngоТhisha befike ngesikhathi, Befundisa ngezincwadi zokufunda ezifanele, benikwe ukuqeleshwa okufanele nokubambelela kokungeke kwaxoxiswana ngakho" ("teachers on time, teaching with relevant textbooks, given appropriate training and adherence to the non negotiables")



UMongameli Zuma uvakashele iVulumziJunior Primary School, e-EastLondon, ngoJuni 2011

Ithebulu elilandelayo likhombisa izinto okungeke kuxoxiswane ngazo futhi linika okungahle kube izincazelozokuthi kungani izinto okungeke kuxoxiswane ngazo zingafezwa:

izinto okungeke kuxoxiswane ngazo	Izinkomba	Okungahle kube izizathu
<i>Othisha ekilasini kanye nezikhulu ezindaweni zazo zokusebenzela noma lapho zisebenzela khona</i>	Amazinga okungabi bikho emsebenzini amakhulu	Ukuba khona emihlanganweni yokucobelelana ngolwazi noma emihlanganweni nje ngesikhathi sesikole Akuchaziwe/kucindezelwe Ukugula noma ukungazizwa kahle Ukungabi bikho kokubongwa kothisha nezikhulu ezisebenza kahle
<i>Othisha befundisa nezikhulu zethula njengoba kuchaziwe kokufanele kwensiwe emsebenzini</i>	Ukuba sekilasini ngesiqu uqobo kodwa engalungiselele ukufundisa. Ukuba sehhovisini ngesiqu uqobo kodwa singahlinzeki izinsiza ezidingekayo kanye nokusekelwa kwezigodi nezikole	Akuchaziwe Ukungabi bikho kokuhlelwa kohlelo Iwezifundo kusiFundazwe,isiGodi Nesikole Ukungabi bikho kokuthuthukiswa kothisha nezikhuluOthisha bafundisa izifundo abangalo ulwazi lokuzifundisa/ iziKhulu eziqokwe njengezinolwazi kuzifundo eziezingazazi Ukunganeli kothisha/ abanolwazi lohlelo Iwezifundo Ukugcwala emakilasini
<i>Ukungashaya indiva umsebenzi</i>	Othisha abazilungiselele, abamaki umsebenzi wabafundi njalo, abaniki njalo ulwazi abazali nabafundi futhi ngokusebenza kwabafundiAbaziphathi ngendlela elindelekile	Akuchaziwe Akungabi bikho kokuhlelwa kohlelo Iwezifundo esikoleni, kusiGodi Nakusifundazwe Ukungabi bikho kokuthuthukiswa kothisha/ kwezikhulu
<i>Ukungahlukumezi abafundi</i>	Ukuhlukumeza abafundi ngokomzimba noma ngokocansi	

izinto okungeke kuxoxiswane ngazo	Izinkomba	Okungahle kube izizathu
<i>Ukunikeza Izimpendulo Abazali Nabafundi</i>	Ukungabi bikho Ukushiya esikoleni Ukungayi esikoleniemini Ukuthunyelwa ukuba wenzele othisha okuthile	Akuchaziwe Ukunganeli kwesibopho sokufunda Ukungabi bikho kokwelulekwa ngamathuba emisebenzi esikhathi esizayo Ukungabi bikho kwabantu okubukwa kubo Ukungabi bikho kokusekelwa ekhaya Ukuhlukumezeka ngokozimba noma ngokocansi Ukuhlukunyezwa ontanga Ukusebenzisa izidakamizwa ngokungafanele Ubugebengu
